**Siyakwemukela ku-cyber safety i-theme yesi -3.** Ukuvikelwa kwama-device. Ngempela manje sesiphila emhlaben i-lapho i-technology entsha ishaya kuzwakale ezimakethe zomhlaba nsuku zonke. Ngaphandle kwama-cellphones, ama-laptops, ama-desktops computers nama-tablets, manje sesikwazi ukungena ku3-D printers, ama-gaming consoles, ama-tracking device nezinye izinto eziningi ezisebenzia ama-gadgets e-robot. Ukuthola ulwazi nokuxhumana sekulula kakhulu. Sizoke sibheke umthelela we-technology ezimpilweni zethu, nokuthi kungani kumele sigcine ama-device ethu ephephile futhi evikelekile.

3.	Ukuvikelwa kwama-device - Isihloko:	Isihloko	3.1	Izinsongo nge-technology
		Isihloko	3.2	Ama-mobile device
		Isihloko	3.3	I-Malware Protection

### Izibalo/ amaqiniso ajabulisayo

#### Kubalulekile ukwazi amaqiniso ngama-device

#### UTHI BEWAZI?

- Ubuwazi ukuthi Labantu aba-hackeryo bayahlasela njalo emva kwemizuzu ewu-39.
- Kunabantu abawu 5.16 billion abasebenzisa izingcingo eziphathwayo umhlaba wonke namhlanje, futhi usabala.
- Bangaphezu kuka 25% ukuhlaselwa ku-cyber nge-malware noma i-malicious software.
- Ama-cell adlala indima enku lu ezipiweni zethu, sekunesifo esisha esibizwa nge-'Nomophobia' okuwusaba ukuhlala ngaphandle kwe-cell phone yakho.
- I-phone yokuqala ephathwayo yakhiwa ngo-1974 u-Martin Cooper eyayisinda iwu-1kg.



- eSouth Africa sithole i-cellphone yokuqala ngo 1994.
- Igama elithi 'cellphone' liqhamuka ngendlela esebezena ngayo. Ama-towers asebenza njengama-signal futhi ahlikaniswe ngama-cells.
- Umuntu nje ojwayelekile uyivula izikhathi ezingaba ika-110 ngosuku.
- Kukhona ama-cellphones amanangi adlula amatekisi, ama-TV nama radio kuhlangene.
- I-electronic computer ENIAC yayinda ngaphezu kwamathani awu-27 futhi yayithatha 1800 square feet.
- U 10% kuphela wemali yomhlaba ekuyimali ephathekayo, enye nje ihlala kuma-computers.

### Amathiphu wokuphepha okumele afakte kulesi sifundo

#### Fundisa omunye nawe.

Siza omunye ngama-apps amasha, ama-sites, i-technology kanye nezinsongo- njalo yabelana futhi uxhumane.

#### Yenza isiqiniseko sokuthi ama-mobile device aphephile avalelekile.

Yenza isiqiniseko sokuthi ama-device akho avalwe nge-passcode noma password. Futhi yenza isiqiseko sokuthi ulwazi lwakho oluyimfihlo luyakwazi ukucisheka noma ungekho eduze.

#### Zivikele kumagciwane e-malware.

Hlala uvuselela wonke ama-apps futhi uphinde ufake i-anti-virus kuwona wonke ama-device akho.





## I-theme yesi 3: ukuvikelwa kwama-device

### Okuhle nokuwubungozi ngamaDivaysi

Kulomhlaba wanamuha , sithembela kuma-device ukuxhumana, ukufunda, ukuxoxa, ukuthenga nokugcina ulwazi. Konke lokhu kuhle, futhi kuyashesha kakhulu ukwenza izinto eziningi ngezimpilo zethu. KODWA... kungasibeka kwenkulu ingozi kusenze sihlaselwe ngobugebengu be-cyber- ngakhoke kunobubi obuningi ku-technology, ikakhulukazi ama-device.

Nabu ubuhle nobubi obumbalwa.

#### Ubuhle

- I-device iyakusiza ungene ku-internet futhi wabelane ngolwazi olubalulekile lokufunda, nokuxoxa.
- Ukungena ku-mobile device sekuphenduke into elula nengabizi.
- Ama-mobile phones asivumela ukuthi senze izinto eziningi njengokuthatha izithombe, ukuqopho ama-video noku-downloadada ama-apps.

Noma ngabe i-device isindala, amaqola ayibuka njengetolide.

Ungavele ukholwe ulwazi, kungenzeka ukube utshelwa amanga.

#### Kodwa



#### Ububi

- I-internet igcwele izinsongo futhi ziphethe inqwaba yobungozi, ngibala ubugebengu nokusabala kwezindaba ezingelona iqiniso ezingamanga. Ungase ube omunye wabagilwa ube sengozini, uma nje uke wacofa ku-device.
- Noma ngabe i-device esindala noma okunye kwama-electronics kuyinyama emaseleni, afuna ukuntshotsha ulwazi olumqoka lomfundu Kanye ne-data ephakathi.
- Ama-mobile device ane-location service ziyawkazi ukuwalandela izigebengu.

Cisha i-location settings!

Qaphela ukuthi wabelana ngani.

Xwaya bonke ubugebengu obuphandle laphaya.

**Yenza isiqiseko sokuthi idevice yakho ivikelekile.**



Faka ianti-malware.



Vulela ama-lock icon



Cisha i-location ukuze ugweme ukulandelwa.



Susa ama-apps ongasawasebenzisi



Yenza isiqiniseko sokuthi i-setting uyibeka ku'private' hayi ku'public'

**Khumbula izithombe ziyayibeka i-location ukuthi ukuphi. Uma uphosta izithombe abantu bengabona ngesithombe ukuthi wawushutha ukuphi nendawo.**



## I-theme yesi 3: ukuvikelwa kwama-device

### 3.1 Izinsongo ze-Technology

Ama-apps amasha Kanye ne-software kuhlale kuvela ngaso sonke isikhathi, ngokuthola iphone yakho, ukwenza i-video, uku-oda ukudla noma i-transport, futhi nawo wonke ama-social media apps.

Ngaso impela isimanga se-technology eseandleni zethu, manje sesibhekene nobungozi nezinsongo eziza nayo. Njalo mawungena-online ku-cyberspace, usuke usuziveze ezigebengwini ezilinde ukuhlasela. Siyazi sonke ukuthi izigebengu ze-cyber zihlakaniphile, zihlelekile, futhi zingongqondongqondo uma kuziwa ku-technology eziyisebenzisa kithina.

**Ngakhone, sidinga ukuqwashisa ngezinsongo zetechnology nokuthi ungavikela kanjani amadevice ethu.**

- Zicne unolwazi ngezinguquko zakamuva ze-technology bese wabelana ngazo kubangani bakho. Ukuxhumana kubalulekileuk uxwayisa abanye ngezindlela ezintsha izigebengu esevezisebenzisa ukulimaza wena noma ukulimaza i-device yakho.
- Uganikeli ngolwazi olubarulekile futhi wenze isiqiniseko sokuthi njalo ama-settings akho ahlala engekho ku'public' uma usebenzisa i-technology.

### 3.2 Ama-mobile device

Ama-mobile device aweve ebalulekile ahlale eyingxene yakho konke okwenzayo osukwini. Uma singawanakekeli...

- Angantshontshwa noma alahleke. Uma ungakwazi ukucisha ulwazi ungekho eduze kwayo ulwazi lwakho lungasetshenziswa izigebengu ze-cyber.
- Ama-device amadala ayasetshenziswa ukuthola ulwazi. Ama-cellphones aweve eseshibhile lokho kusho ukuthi usungahlangana nawo ezigingqikela phansi. Yenza isiqiniseko sokuthi uyalukhipha lonke ulwazi olukuyo ngaphambi kokuyidayisa.
- Kungakwenza ube umgilwa. Vala uhlelo i-location ukuze ungabi omunye wabantu abalandelwayo, njalo sebenzisa i-lock screen function ekhona ku-device yakho.



### 3.3 Ukuzivikela ku-malware

**I-Malware isinqamulelo se-malicious software. I-software isetshenziswa ukulimaza nokuvimba ingasebenzi njengama-virus, ransomware nama-worms.**

I-Cyberspace ayihlali iphephile njalo. Akuwona wonke ama-websites angempela nama-apps. Amanye ama-websites nama-apps angamanga ayindlela yokungena ku-device yakho ne-virus, kuntshontshwe ulwazi bese ziyyishiya idevice yakho ingasebenzi. Ukufaka i-anti-virus malware software kanye nama-firewall ku-computer yakho nakwamanye ama-device akukhona ukwenza nje into 'ophoqelekile' ukuthi uyenze.

Uma une-anti-malware ethembekile ukukuvikela, yenza isiqiniseko sokuthi uyigcina uyivuselela njalo. Kwesinye isikhathi siyajabula uma sithenge i-device entsha size sikholwe nawukunaka ezinte noma imiyalezo lena ekukhuthaza ukuhlale uvuselela i-software protection.

Xhumana nabazali bakho noma umbheki wakho ukuze babe nolwazi uma kakhona okwenza online futhi ucele imvumo kubona ngaphambi koku-downloadada. Kufanele kwensiwe ukuze nihlale niphephile ngesikhathi niku-cyberspace.

## I-theme yesi 4: Ama- smart apps



Noma usebenzisa ama-applications ukuxoxa noma ukudlala, kubalulekile ukwazi ukukusebenzisa ngokuphepha.

**Kwi-theme 4 SINAMA-APPLICATOR** anamandla okukuhehela emdlalweni, nasezinkundleni zama-social media ukuhlanganisa abantu ngesizathu esihle.

### 4. Ama-smart apps - Izihloko:

Isihloko	4.1	i-social media
Isihloko	4.2	Uku-pheqa kuweb ngokuphepha
Isihloko	4.3	Ukudlala

### Isingeniso

Siyakwemukela kwi-theme yesi 4: **Ama-smart apps**. Nama-application ayabizwa futhi nge-app. I-app uhlobo lwe-software olunga-downlodwa ku-device olunye olungaba ingozi.

Kunezigidi zama apps langaphandle ongakhetha kuwona, futhi siyasebenzisela izizathu ezihlukene empilweni. Into eyenza i-technology nama-apps kumangaze ukuthi sekuyisikhathi ngempela-solwazi, imidlalo, nama-movie channels nokunye okuningi uma nje ungacofa leyo-button! Ama-smart apps ayishintshile endlela esifunda ngayo, esixoxa ngayo, nesixhumana ngayo. Yingakho udinga ukwazi ngazo zonke izindlela ongaxhashazwa ngazo ngesikhathi u-online.

### Izibalo/ amaqiniso ajabulisayo

Okokuqala, amaqiniso ajabulisayo ngama apps:

#### UTHI BEWAZI?

- Ubuwazi ukuthi kukhona 36,54 million abasebenzisi be-internet e-South Africa?
- I-device edume kakhulu ngokusebenzisa i-internet i-mobile phone esetshenziswa abafundi.
- Ngokwejwayelekile, abantu base-South Africa bachitha 2hours 48minutes ngosuku kuma-social media.



- Uthi bewazi ukuthi ngokugcina i-browser software esesimeni usuke uziwayeza uku-web browser okuphephile.
- Uthi bewazi ukuthi ngo 2018 ucwaningo luveze ukuthi singaphezu kwa-11 million abantu abdlala ku-internet e-South Africa.
- Umhlaba wonke jikelele uma uhlanganisa kucatshanelwa ku600 billion dollars.

### Amathiphu wokuphepha okumele afakte kulesi sifundo

#### Yazi nge-social media.

Kukhona inqwaba yezinkundla ze-social media zako konke ukunambitha-okummandi nokubi! Khetha ngobuhlakani. Yazi uyiqonde isocial media.

#### Ziphephise uma wenza i-web brosing.

Sebenzissa ama-websites athembekile naphephile anomlando othembekile ku-online browsing. Qinisekisa ukuthi kune-lock icon phezulu laphaya mawu-browser.

#### Nakekela ama-apps nezinkundla zokudlala.

Sebenzisa igama elingasho lutho ungalokothi usebenzise igama lakho noma ubhale ikheli lala uhlala khona ngabantu ohlangane nabo online.





## I-theme yesi 4: Ama- smart apps

### Okuhle nokuba sesimweni esibi kwama apps

Iningi labafundi lijwayelene nendlela yokwenza izinto ku-cyberspace futhi zinamathalente amakhulu okusebenzisa i-technology. Abantu bayahlomula ngokungenakwe-technology entsha ne-cyberspace. Abazali abanangi bayavumelana ne-technology ukuthi iyisidingo sempilo kubantu abasha futhi ingasetshenziswa ukufunda, ukuxoxa, nokwazi izinto ezintsha ngomhlaba lo esiphila kuwo.

**Okuhle nokuba sesimweni esibi kwama apps:**

### Ubuhle

- I-web iyakuvumela ukuthola ulwazi, wazi kabanzi ngolwazi nobuchule ngokucofa nje i-button.
- Kunokuhlakanipha obutholayo obuhambisana nokudlala i-video game, njengokusebenzisa izinto eziningi Kanye Kanye, ukuxazulula inkinga, nomqondo okhaliphile.
- Ama-social media asivumela ukuthi sixoxe nabangani bethu nemindeni yethu noma ngabe ikuphi nezwe.

**Ufuna uku-downloada?**  
Abazali okumele bakunikeze leyomvume!

Kodwa

Ububi

Ungaweli esilingweni sokwabelana.

Phepha uqhakaze online.

Gcina i-anti-malware nama-firewall esesimeni samanje.

Ukuxhumana kungukhiye!

### Khumbula ukuba -techno savvy ngokuphepha kwakho

**IKHIYE**



**IZIPHE**



**I-BLOCKE**



**IBIKE**






## I-theme yesi 4: Ama- smart apps

### 4.1 Izinkundla zokuxhumana(ama-social media)

I-social media iyyiona ndlela esesixhumana ngayo nabangani nomndeni. Iningi lezingane lithi lizizwa lilahlekile uma lingekho kuma-social media, abakwazi kuxoxa, abazi ukuthi kwenzekani ezweni nasema-groupini abo. Ebantwini abanangi lokhu sekuphenduke into engayekeki.

**Izinkundla zokuxhumana ngenxa yokugcwala kwabantu kulezi zinkundla nesikhathi abasichitha kuzona igcina iphenduka inkundla enhle yokudlala ngabantu ezigebengwini:**



- I-Cyberbullying yenzeka ikakhulukazi kuma-social media. Khumbula ukuthi noma iluphi ulwazi oluphostayo nezithombe zakho nabangani bakho kungasetshenziswa ukusabalalisa amanga noma kuthunyelwe izinsongo nemiyalezo emibi.
- Qiniseka ukuthi ngubani ongaba umngani naye. Nezigebengu ezinama-profile amanga ukuthola ulwazi ngawe zingakuheha ukuthi ungene engozini online ngokuthumela imiyalezo nokudayisa izinto ezingekho.

**Khumbula: Ama-social media settings awahlale ethi'private' hayi 'public' noma inini.**

### 4.2 Uku-web browsing okuphephile

I-World Wide Web (WWW) i-network ene-online content eyakhiwa yaxhumanisa amapheji amanangi, lokho ungakuthola uma uvula i-internet. Ungathola noma yini ofisa ukwazi ngayo, noma oyidingayo ngokusesha ku-internet. Usube nenkululeko yokuvula noma ikuphi kodwa kuhamba nezibophezel.

**Ake sibuke amanye amatemu assetshenziswa ku-web, nokuthi asho ukuthini, ukuze senze isiqiniseko sokuthi siyazivikela ngesikhathi siku-web.**

- **I-Web- browsing-I-Web browser** uhlelo lwe-software olukuvumela ukwazi ukusho ukuthi ulaphi, ukungena nokuvela kuma-web pages. Ukudlulisa amehlo noma ukuzulazula kwiweb kusho ukathi ubheka ipage elithile ofuna ukungena kulona.
- **Ukusesha okuphephile-** ukwenza isiqiniseko sokuthi awukho engozini yokuhlala kwi-website eyingozi ngokusesha ngokuphepha. Kusho ukuthi kumele wenze isiqiniseko sokuthi i-web browser ingakusiza useshe ngokuphepha.
- **Umgomo weminyaka** - lokhu kusho ukuthi ungaba mncane kakhulu ukungena kwamanye ama-web sites, ngoba okuqukethwe khona kungaphezu kweminyaka yakho.
- **Okwesibili** – i-factor i-layer yesibili ngapezulu ukukunika i-password, ukuthi umsebenzisi kumele ayinikeze ngaphambi kokungena kwi-account noma i-app.
- **Ama-website angaphephile** - Angama-websites angakaze abhekwe ukubonakala ukuthi ayiqiniso ngempela yini angaba izinsongo ekuphepheni kwakho ku-cyber.

### 4.3 Ukudlala

**Ama-apps ama-games** ayibhizinisi elikhulu kabi online futhi elikhula ngokukhulu ukushesha neseliphenduka umdlalo osemthethweni. Lihle futhi ukuthuthukisa ukunaka nobuchule bokucabanga ngokushesha, okuyindlela enhle yokwakha ubungani nabanye abadlali ba-online.

- Izinkundla zokudlala nazo ziyazingelwa izigebengu zifuna ezizobaqola, khumbula ukwenza isiqiniseko sokuthi ubani odlala naye, futhi uqapheli unganikezi ulwazi oluningi ngawe ukuthi uwubani.
- Sebenzisa igama ekungelona lakho ukuze bengakwazi ukukubona wena. UKunikezela ngolwazi lwakho nalapha uhluleka khona angakusebenzisa akujikele akuxhaphaze noma kukwenze isizulu esingazingelwa izigebengu.

Uzowuthokozela umdlalo wa-online uma uyiqonda kahle ingozi yokuba online nokuzivikela wena ngendlela efanele. Uwena kuphela ongakwazi ukuzinakekela ngokuphepha ku-cyber.





## I-theme 5: Ulwazi olubalulekile



Kubalulekile ukuqonda ukuthi ungazivikela kanjani ezigebengwini ezifuna ulwazi noma amaqola, kanye nokuvikela ulwazi ezigebengwini.

Lana kwa-theme 5 **SINE-CRYPTO** enamandla okubheka ulwazi olubucayi nokusiza ukukhiya ngaphambi ngokuthi izigebengu zingene.

5.	Ulwazi oluwasizo - Izihloko:	Isihloko	5.1	Okubi nokungalungile okuqukethwe
		Isihloko	5.2	Izigebengu ze-Cyber
		Isihloko	5.3	Ukupathwa kwam-Password

### Isingeniso

**Siyakwamukela ku-Cyber Safety i-theme yesi 5:** Ulwazi olubalulekile. Kukhona izinkundla ezinhlobonhlobo ongazisebenzisa ku-Cyberspace. Ihlala ivuselelwa futhi yensiwa kabusha ngaso sonke isikhathi. Lokhu okwabe kwakhiwe kwabekwa kwabelwana ngakho izolo, kungabukeka njengento endala masishane. Kubalulekile ukwazi ukuthi ungazivikela kanjani olwazini olungadingeki, nokuvikela ulwazi lwakho kubantu abangafanele bangene. Sizoke sibheke ukubaluleka kolwazi ezigebengwini ze-Cyberspace ngama-password nokusesha ngokuphepha kuma-device akho.

### Izibalo/ Imbono yamaqiniso

Ngakhoke kubalulekile ukwazi amaqiniso ngolwazi:

#### UTHI BEWAZI?

- Uthi bewazi ukuthi ubugebengu be-Cyber kulahlekisa ama-billion?
- Ubuwazi ukuthi u 71% yama-account asebenzisa ama-password afanayo kuma-websites ahlukene?
- 51% Wabantwana abana-12 weminyaka no 28% wabantwana abana-10 weminyaka sebenayo i-social media profile, okusho ukuthi bangazithola sebehlekunyeza ngolwazi olungalungile nolungekho ezingeni labo leminyaka.



- Abantwana abanigi abacabangi ukuthi "i-social media setting" umngani kamngani" kungaba ingozi.
- I- password esetshenziswa kakhulu eseyi-okuyiwana mapassword assetshenziswa kakhulu ilawa 123456 ne 12345678.
- I- Snapchat sibekwa njengesibili emva kwa-WhatsApp empilweni yomqondo wezingane.
- Isikhathi sasebusuku kusetshenziswa ama-social media nokuthinteka ngokomphefumulo kuma- social media ayamanisa nokulala ukunganele okulandelwa ukukhathala nokukhathazeka emqondweni.

### Amathiphu wokuphepha okumele afakte kulesi sifundo

**Vuma ukusesha okuphephile,zivikele kumawebiste amabi.**

Buka okuvumelekile eminyakeni yakho.

**Zama ukuzigcina wazi ngobugebengu obusha obenzeka ku-cyber.**

Izigebengu ze-cyber njalo zibheka indlela entsha nehlakaniphile yokukuqola.

**Phatha ama-password akho ngendlala.**

Ungalokothi ubhale phansi noma usebenzise i- password efanayo kuwo wonke ama-site owavakashelayo noma owasebenzisayo.






## I-theme 5 Ulwazi olubalulekile

### Okuhle ngolwazi / Ukusetshenziswa Kabi kolwaz

Kubalulekile ukuqonda ukuthi ungazivikela kanjani olwazini ongaludingi nasezigebegwini nokuvikela ulwazi lwakho ezigebegwini ze- cyber. Ama-website e-mail social media ayindlela ekahle yezigebengu, nabahlukumezi ngocansi, abavele bacele ube umngani wabo ukuze uzithole sewungene ku-khontenti engakufanele uyazi ngokweminyaka yakho nokukwenza umgilwa wobugebengu.

Nazi ezinye izizathu zokuthi kungani kumele ugcine ulwazi lwakho oluyimfhlo futhi luphephile ukuze ubrowse ngokuphepha kwi-device yakho:





## I-theme 5 Ulwazi olubalulekile

### 5.1 Ikhontenti engalungile nenobungozi

Kwenye isikhathi kubukhuni ukucabanga ukuthi ngabe le- content ekule platform ikulungele noma iyahambisana neminyaka yakho. Bika kubazali noma umbheki wakho ngama- social platforms owavakashelayo ngama-websites kanye ngama- apps. Lokho kungasiza ekubikwени kwezenzo zokuganga ezenziwa ku- cyberspace.

**Ungayishintsha indlela oxhuma ngayo ku-cyberspace ngokuphepha imigomo ukuphepha nokulandela lokhu okulandelayo.**

- **Qaphela ama- account angamanga.** Akumele uthembe abangani ongabazi othola ama-email okukucela ube umngani.
- **Abahlukumezi ngocansi babheja ngephuzo lokuthi ngeke ububone ubungozi futhi ngeke utshele umuntu omdala ngendaba yekhontenti engasile.**
- **Ungasabi ukusho ukuthi uke wahlukumezeka.** Bika ngobugebengu obenzeka ku- cyber ukuze izigebengu zivamise, ngaleyondlleta uzoba isakhamuzi esizibophezelayo, nesizoqeda ubugebengu obubi obuyingozi nobuletha ikhontenti enobungozi.
- **Nikezela ngolwazi kuma - website angaba ingozi kuwena nabangani bakho.** Ulwazi lwe- group lungamandla.

### 5.2 Ubugebengu be-cyber

**Khumbula i-** antimalware nesivikeli magciwane kuwumgomu ukuthi ube nakho noma ikanjani. Ngikholwa ukuthi usuyaqonda ukuthi kungenze ka ibe ingozi kangakanani. Izigebengu zizikhola ngabantu abamsulwa, abanganaki nabangazi.. Kunezigebengu eziningi nama- websites amanangi awobugengu aze athi ane Imali enkulu Kanti amanga, ukukuphindela osekushiwo:

Izigebengu ze-cyber zingakushiya ulwazi lwakho nokunakwa egameni lobungani ukuze:

- Bakuhehela kuma- “apps amahhala” nezinto “ozithola mahhala” ukuze bathole Imali noma ulwazi kuwena. Bathi ayiko into yamahhala kumele uhlale usikhumbula mawungena ku- cyberspace.
- Dayisa ulwazi lwakho kulaba abathengisa ngocingo, gcwalisa i- inbox ngolwazi olungabalulekile.
- Sebenzisa ulwazi lwakho kanye nezithombe Kosuke ukupostile ezinkulu zokuxhumana ukulandela wena nababheki bakho.
- Ukukuvhaphaza ukuze ulimale noma ngaphambi kwalokho, ukukusabisa ukuthi sense izinto online ezingalungile.
- Sebenzisa ulwazi ukuzilimaza nokungasebenzisi ama-device.

### 5.3 Ukuphathwa kwama- password

**Isivikelo sakho sokuqala ebugebengweni kumele ipassword kuqala eyaziwa uwe kuphela.** Kuwumqondo omuhle ukuyenza yibe luhkuni futhi ingatholakali kalula. Hlala uxwayile ngomhlabu ngokulandela amathiphu nemithetho ephathelene nama- password. Njengothi ungasebenzisi ipassword efanayo kuwo wonke ama-device.



**Uma abantu beqala ukuganga basebenzisa igama lakho noma ozibiza ngalo mawudlala, usuku okuzalwa negama password elilandelwa izinamba esilandelayo.**



Akumele  
yaziwe omunye  
umuntu  
i- password  
yakho noma  
ngabe umngani  
omkhulu  
kanjani.



## ISETUNGO SOKUQWASHISO NGOKUPHEPHA KWI-CYBER

### Ngiyaqaphela ukuthi....

Nginelungelo ukusebenzisa ama- electronic device ukuzikhulisa ngokwazi.

Ngiyadinga ukwenza ngcono ulwazi lwami ngomhlaba we- digital nabantu abaphila kuwona.

Nginelungelo lokuzivikela mina ebungozini obenziwa ku- cyberspace.

Ngine-digital footprint edinga niyivikele ngaso sonke isikhathi.

### Nokho ngiyaqonda....

Kuyingozi ukwabelana ngokwazi oluyimfhlo nabantu ongabazi.

Nginomthwalo wokuceba okubi nokungalungile kumuntu omdala.

Sebenzisa ama- password angelula, ungawabhali phansi ama- password, ungasebenzisi ipassword efanayo kuwo wonke ama- device.

### Ngakhoke ngizo....

Yiba isakhamuzi esizikhathalelayo, ngizocabanga ngaphambi koku- posta.

Naka imigomo nemithetho yokuphepha ku-cyber ukuze kuphepheke abazali nababheki babantwana.

Khombisa inlonipho kwabanye aba online.

Ngivikela mina nabo abantu engibakhathalelayo ngokuphepha ku- cyberspace.



British  
High Commission  
Pretoria

UNISA | college of  
science, engineering  
and technology

Uma udinga olunye ulwazi vakashela ku:  
<https://www.cybersecurityhub.gov.za/cyberawareness/>  
<http://cyberaware.co.za>



# AMATHIPHU OKUQWASHISA NGOKUPHEPHA KWI-CYBER



## Uhambo oluya ku- cyberspace

### Gcina idigital footprint enesbopho

**Ehlelekile.** – Uhlale wazi ukuthi ulwazi olu – postayo lungahlala unomphelo kwizinkundla zokuxhumana.

**Yazi ngobungozi be-cyber.** - Unelungelo lokuphepha uma u- online kodwa bese ukhumbula ukuziphatha ngendlela.

**Xwaya ngokunikezela ngolwazi lwakho oluyimfihlo.** - Lolo lwazi lwakho lungantshontshwa izigebengu lufhiwe abadayisi.

## Ukuvikelwa kwabantu



**Bika ngokuxhashazwa nge-cyber ungumgilwa gčina ubufakazi.** - Khumbula unamalungelo ngokomthetho wokuxhashazwa sango 2011 e-South Africa. Tshela umuntu omdala omethembayo ungathuli - bika.

**Xwaya ubungozi ngokomzimba nobe- cyber.** - Ngokwazi ngobungozi be-cyber ungazivikela wena nomndeni wakho.

**Khombisa inhlonipho kuwena nabanye abantu.** - Ukuba online akuchazi ukuthi ziphathe kabi.

## Ukuvikela amadevice



**Fundisanani** - nisizane ngokudlulisa ulwazi ngama- apps, izinkundla, i- technology, ngobungozi bayo- njalo xoxani futhi nixhumane.

**Gcina ama - device akho ephephile,** yenza isiqiniseko sokuthi ama- device akho avikelekile nge- password. Yenza isiqiniseko sokuthi ulwazi lwakho oluyimfihlo uyakwazi ukulucisha.

**Zivikele emagciwaneni.** - Avuselele njalo ama- apps iPhone ufake isivikela magciwane esiqinile kuwona wonke ama- device akho.

## Ama- apps okuhlakanipha



**Yazi ngezinkundla zokuxhumana.** - Kunezinkundla eziningi ezizwakala zizinhle noma zizimbi. Khetha ngokucophelela.

**Phepha uma ubrowser ku-website.** - Sebenzisa kuphela iwebsite eqondile futhi yangempela enomlando ophephile uku- browser. Qinisekisa ukuthi kunengidi ekuqaleni mawu- browser.

**Xwaya onke ama- apps nezinkundla zokudlala ongazazi.** - Sebenzisa igama elingalona . Ungalokothi unikezele ngemininingwane yakho yangempela.

## Ulwazi olusemqoka



**Vumela okuphephile uma ubrowser ku- internet.** Zivikele wena kuma websites anobungozi. Buka kuphela ama- website ahambisana ngeminyaka yakho.

**Zama ukuzigcina wazi ngobugebengu bakamuva ku- cyber.** Izigebengu ze-cyber njalo zihlale zimatasa ukuthola izindlela ezintsha nezihlakaniphile zokukuqola.

**Phatha ama-password akho ngendlela** - Ungalokothi ubhale phansi noma usebenzise i-password efanayo kuwo wonke ama-site owavakashelayo noma owasebenzisayo.



British  
High Commission  
Pretoria

UNISA | college of  
science, engineering  
and technology

Uma udinga olunye ulwazi vakashela ku:  
<https://www.cybersecurityhub.gov.za/cyberawareness/>  
<http://cyberaware.co.za>






## Notes



## Notes

# QAPHELA! PHEPHA ONLINE



## YIMA

Qaphela ukwamukela  
izimemo  
ezikhu-inthanethi  
nobungani.

## BHEKA

Musa ukufinyelela  
ngamabomu noma wabelane  
ngezixhumanisi kumasayithi  
angafanele, noma  
okuqukethwe ogungafanele.

## DECIDE

Ngeke wazi ubunikazi balabo  
abangaziwa abathumela  
amaDM.  
Uma unenkinga noma  
ukukhathazeka ngesikhathi  
u-online, kumele utshele  
umuntu omethembayo.



## AMAKHADETHI E-CYBER

Siku qondisa kuCyberspace

Ingxene yeCyber Safety Awareness Toolkit yabafundi



British  
High Commission  
Pretoria

UNISA |



Uma udinga imningwane vakashela:  
<https://www.cybersecurityhub.gov.za/cyberawareness/>  
<http://cyberaware.co.za>





British  
High Commission  
Pretoria

UNISA | college of  
science, engineering  
and technology

Uma udinga olunye ulwazi vakashela ku:  
<https://www.cybersecurityhub.gov.za/cyberawareness/>  
<http://cyberaware.co.za>

